Downloaded from Stanmorephysics.com


basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL**
**SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**LWEZI 2025**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-14.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-50 |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU**

1 Ukukhuphuka kwezinga lezehlakalo ezimbi ezenziwa ukuguquka kwesimo sezulu kuthinta wonke umuntu. Ucwaningo lwesayensi luveza ukuthi izehlakalo zesimo sezulu eziyingozi yilezi zokukhuphuka kwamagagasi olwandle, ukushisa ngokweqile, izikhukhula, isichotho *(hail)* nesomiso. Amazwe omhlaba ahlangabezana nezimo zezulu ezimbi ezahlukene. Ezinye zalezi zimo azikholakali, kuba sengathi into eyakhiwe ngabantu abathile. INingizimu-Afrika isibe ngelinye lamazwe asehlaselwe kakhulu yilezi zinguquko zesimo sezulu esibi.

2 Ngomhla wama-21 Septhemba 2024 izwe laseNingizimu-Afrika lahlaselwa isimo sezulu esingajwayelekile. Lesi simo senzeka esifundazweni sakwaKwaZulu-Natal ngalolu suku lapho kwaba nesichotho esikhulu, kwakhithika iqhwa elesabekayo. Lokhu kwehla kweqhwa kwaletha imizwa ehlukene kubantu njengoba kwakuyinto abanye ababeqala ngqa ukuyibona bukhoma. Isikhungo saseNingizimu-Afrika esisemthethweni esixwayisa ngesimo sezulu esiyingozi sasabalalisa imibiko emsakazweni, komabonakude ngisho nasezinkundleni zokuxhumana. Lokhu sakwenza ngaphambi kokuba isimo sezulu siguquke sibe sibi.

3 Umzila iVan Reenen's Park odlula ezintabeni zoKhahlamba onemigwaqo emibili emikhulu u-N3 no-N11 wavalwa emva kokumbozwa amaqhwa amakhulu. Lona ngumzila osetshenziswa kakhulu phakathi kweTheku neGoli. Amaloli, amabhasi, izimoto ezincane, amatekisi nezakhiwo ezikule ndawo kwakumbozwe yiqhwa, kungabonakali. Amaloli ayethwele imikhiqizo nezimpahla kwakunzima ukuba aqhubeke nohambo lwawo. Kwaphela amahora ayi-13 abantu abaficwe yilesi simo kulo mgwaqo bengalutholi usizo kulabo ababhekele izimo eziphuthumayo nezibucayi. Abantu babedinga amanzi nokudla. Abanye abashayeli bazama ukuphuma ezimotweni ukuze basize abantu ngalokho abangasiza ngakho. Lesi simo sakhombisa **ubuntu**.

Downloaded from Stanmorephysics.com


4 Abantu ababevaleleke eqhweni bazama ukuzitholela usizo. Abanye babelokhu bedumisa izimoto ukuze bathole ukufudumala nokushaja amafoni. Babethumela imiyalezo ezinkundleni zokuxhumana nasemisakazweni ukuze imindeni nemiphakathi yabo yazi ngalesi simo abakusona. Abanye babefonela izintatheli ukuze udaba lwabo lusabalale/luhambe ngokushesha. Omunye wemiyalezo eyayizungeza kakhulu yilowo owathunyelwa uCalvin ku*Twitter*. Lo myalezo wenza abantu ba**bhodla umlilo** ngoba wayechaza ukuthi amaphoyisa omgwaqo awazange abatshele ngalesi simo ngenkathi beyongena ku-N13. Abanye babekhala ngokuthi bahamba nezingane ezincane. Kunothisha owathumela umyalezo othi uhamba ngebhasi nabafundi manje sebephelelwe ukudla namanzi.

5 Isimo saqala ukwehla emini ngelanga elilandelayo. UMnyango wezokuThutha kuZwelonke wathumela umbutho wezokuvikela/amasosha aseNingizimu-Afrika ukuhlenga ababevalelekile. Basebenzisa ogandaganda ukususa iqhwa ukuze kuvuleke indlela. Ngebhadi kuningi okwase kwenzekile kusukela ngesikhathi abantu bevalelekile eqhweni kuze kube bathola usizo. Kwaba khona umuntu oyedwa owadlula emhlabeni. Abanye kwatholakala ukuthi izinga lokushisa eliyisisekelo somzimba womuntu laselehlile, bagcina bene*hypothermia*. Lesi yisimo sokugula esiyingozi esibangelwa ukuhluleka kokusebenza komzimba ukulawula ukushisa ngendlela efanele bese kuphela amanzi emzimbeni womuntu. Lokhu kwenza umzimba ulahlekelwe ukushisa ngokushesha. Umuntu one*hypothermia* kudingeka aphuthunyiswe esibhedlela ngokushesha ngoba iyabulala.

6 Emva kwalesi simo isikhungo saseNingizimu-Afrika esisemthethweni esixwayisa ngesimo sezulu sakhipha imibiko yokusiza abantu uma bezithola bekulesi simo. Bathi kulesi simo kumele wehlise umoya, ungathuki. Imoto kufanele uyidumise imizuzu eyi-10 kanye ngehora ukuze ufudumale. Amawindi uwavule kancane ukuze ungabulawa umoya wepayipi le-*exhaust*. Umzimba kudingeka ukuthi ulokhu uwunyakazisa, ulule nezinyawo. Beka ngaphezu kwemoto uphawu olusetshenziswayo uma imoto inenkinga. Zigcine ufudumele futhi uphuze amanzi.

7 Abantu abakhe eduze nalezi zindawo ezazisenalo iqhwa babeya ukuyozibonela ngamehlo. Phela ukulibona kwakuy**ingqayizivele** kubantu abaningi. Babejabulela ukwakha imifanekiso *(statues)* ngeqhwa okuyinto abagcina ngokuyibona komabonakude. Kubalulekile ukuthi njengoba isimo sezulu siguquka zonke izinsuku, silalele izexwayiso ukuze siphephe.

[Umbhalo osuselwe ocwaningweni wahunyushwa]

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.1.1 Nikeza izehlakalo EZIMBILI eziyingozi ezilethwa ukuguquka kwesimo sezulu ngokwesigaba soku-1. (2)

1.1.2 Yini isichotho? (1)

1.1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

**Ubuntu** buchaza ...

A ukubanda kakhulu.
B ukusizana kwabantu.
C ukugula kwabantu.
D ukuphuza amanzi. (1)

1.1.4 Yimiphi imizamo eyayenziwa abantu ababevalelekile ukuze bathole usizo? Bhala EMIBILI. (2)

1.1.5 Fingqa ngephuzu ELILODWA ukuthi yini i*hypothermia*. (2)

1.1.6 Yisiphi isizathu esisemqoka esasenza ukuthi kuphele amahora ayi-13 abantu bengalutholi usizo? (2)

1.1.7 Tomula umusho osesigabeni sesi-5 ositshela ukuthi omunye wababevalelekile washonela lapho. (2)

1.1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kule misho elandelayo:

(a) Umyalezo owathunyelwa uCalvin wenza abantu '**babhodla umlilo**'. (2)

(b) Phela ukubona iqhwa 'kwakuy**ingqayizivele** kubantu abaningi'. (2)

1.1.9 Yibuphi ubufakazi obusendabeni obukhombisa ukuthi abanye abantu bakujabulela ukuwa kweqhwa? (2)

1.1.10 Yini okufanele yenziwe abantu bosizo lokuqala *(paramedics)* uma befika endaweni enalesi simo okukhulunywa ngaso endabeni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.1.11 Ngokubona kwakho yibuphi ubungozi kwezomnotho obungadalwa ukuvaleleka kwamaloli ngenxa yalesi simo okukhulunywa ngaso endabeni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.1.12 Uyavumelana yini nokuthi izixwayiso ezikhishwa isikhungo saseNingizimu-Afrika mayelana nesimo sezulu zisho into ezokwenzeka ngempela? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**




[Sicashunwe ku-www.doha.za]

1.2.1 Bhala izinhlobo EZIMBILI zabantu ezibonakala kulesi sithombe esingenhla. (2)

1.2.2 Sinjani isimo sezulu kule ndawo? Sekela impendulo yakho ngokubona esithombeni. (2)

1.2.3 Kubasiza ngani abantu abasesithombeni ukuxoxa ngenkathi besalinde ukungena ngaphakathi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale **ngezindlela ezingakhuphula ukuzethemba**.

**IMIYALELO**

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C (OFUNDWAYO)**

**IZINDLELA ZOKUKHUPHULA UKUZETHEMBA**

Kubalulekile ukuzethemba empilweni. Ukuzethemba kuletha amathuba amaningi angakwenza ukwazi ukuphila nabanye abantu. Kuyasiza ukuveza ikhono lento okade ungazi ukuthi unalo empilweni yakho. Lelo khono lingavusa namanye amakhono abefihlekile. Zikhona izindlela ezincomekayo zokusiza ukukhuphula izinga lokuzethemba.

Abantu banomkhuba wokuzibukela phansi, bazibone bengafani nabanye. Kufanele uyeke ukuzigxeka indlela oyiyona. Wonke umuntu udalwe ngendlela yakhe engeke iphikiswe muntu. Kumele wamukela indlela odalwe ngayo.

Uma uzizwa uphansi ngenxa yokwehlelwa ukuzethemba, phuma uyoshaywa umoya wenze izinto ezizokujabulisa njengokwenza umdlalo owuthandayo. Ezemidlalo zingababamba iqhaza elikhulu ezimpilweni zabantu.

Izimpahla zokugqoka zineqhaza ezilibambayo ukuletha ukuzethemba kumuntu ngamunye. Uma umuntu egqoke kahle uba nomfutho, ahambele phezulu, angesabi lutho ngisho abantu bembuka. Lokhu kucacisa ukuthi usuke engenzeli ukujabulisa abanye abantu kodwa ukuzanelisa yena uqobo lwakhe.

Kukhona izinto ezenzeka kudala empilweni yomuntu ezingadluli kalula. Lezi zinto zingenza lowo muntu azibukele phansi. Kubalulekile ukudlulisa izinto ezibuhlungu nezimbi esezenzeka ukuze ubuyise ukuzethemba.

Izinkundla zokuxhumana zisithinta ngezindlela ezahlukene. Ukulalela nokubuka izinto ezakhayo ezinkundleni zokuxhumana kungaba yinzuzo kuwena. Ngaleyo ndlela ukuzethemba kwakho kuyakhuphuka.

Ukusiza nokusizana kuyisenzo esihle esenza abantu bajabule ngaphakathi. Ukusiza abanye abantu ngaphandle kokulindela utho kungakwenza uzizwe ubalulekile futhi uzethemba. Abanye abadinge kubongwa, bajatshuliswa yikho ukusiza omunye umuntu kuphela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Imfundo ayikhulelwa. Ukwandisa ulwazi ngokufunda kwenza umqondo uvuleke, ufunde izinto eziningi ezizokwenza ukwazi ukubhekana nawo wonke umuntu ngokuzethemba.

Impela ukuzethemba kungumgogodla wesiqalo sempilo kodwa akudingeki ukwenze kuze kweqe. Khumbula phela ukuthi ukuzethemba uzakhela wena.

[Indaba icashunwe ku-inthanethi yabe isihlelwa kabusha]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com



**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

# MNOTHO LAUNDRY SERVICES



**SIKWENZELA KUBE LULA!**

Umsebenzi ukubambe phansi?

Awunaso isikhathi, thina sizokuwashela.

Sikhona futhi **asimbi eqolo**.

- Siwasha izingubo zokulala.
- Siwasha izimpahla zokugqoka.
- Siwasha amakhethini endlu abe masha sha.
- Siyazilanda sizibuyise mahhala uma useduze.

**Sivula amahora angama-24 zonke izinsuku**

**Sitholakala ku:**

1225 Masikane Street
Stanger
4450

ilondolo.service

067 123 4567

Imithetho nemibandela:
Faka idiphozithi yama-50% ngaphambi kokuba siqale umsebenzi

[Umbhalo wokuziqambela, izithombe googlepics]

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.1 Hlobo luni lwebhizinisi olukhangiswa kulesi sikhangiso? (1)

3.2 Bhala OKUBILI okwenziwa kuleli bhizinisi elikhangiswayo. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe, esho uhlobo lo musho olandelayo:

Siwasha amakhethini endlu abe masha sha.

A Umusho oncengayo
B Umusho ochemile
C Umusho okhohlisayo
D Umusho ocwasayo (1)

3.4 Yimuphi umqondo ovezwa isakhi esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo?

Awunaso isikhathi, thina sizokuwash**el**a? (2)

3.5 Tomula isiqubulo esitholakala kulesi sikhangiso. (2)


3.6 Ngokucabanga kwakho kungani imithetho nemibandela ibhalwe ngefonti encane kakhulu? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Sicashunwe ku-google cartoonpics, izinkulumo zokuziqambela]

4.1 Wenzani umuntu wesilisa ogibele evenini? (1)

4.2 Bhala isenzukuthi esikulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona.

'Thuli, uyabona ukuthi uthola agcwele mfi nge-R10!' (2)

4.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe, echaza uhlobo lwesifenqo oluqukethwe yilo musho olandelayo:

Ngafa yindlala, isisu sishaya umoya.

A Isifenyiso
B Isingathekiso
C Isihlonipho
D Ihaba (1)

4.4 Kungabe uqonde ukuthini u-Ayo uma ethi; 'Sipho mfwethu, awungizame'? (2)

4.5 Yimuphi umuzwa ovezwa imicabango kaMaCele? Sekela impendulo yakho. (2)

4.6 Phawula ngomyalezo odluliswa ikhathuni mayelana nempilo kaSipho. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

Abaholi bakhala ngokuziphatha kabi kwabafundi bakamatikuletsheni. Abazali bangababamba iqhaza ngokuyala izingane zabo. Abafundi baqhamuka nemikhuba emibi emva kokubhala izivivinyo. Baphuza emphakathini bese becekela phansi impahla yesikole. Badabula futhi babhale neyunifomu yesikole. Abafundi bathanda ukubukwa. Othishanhloko bakhala ngokuphela kwenhlonipho ezikoleni. Bonke abafundi kumele bagcine isithunzi sesikole nenhlonipho.

Okhulumela uMnyango wezeMfundo uthi, 'Sicela abafundi bakamatikuletsheni banikele ngamayunifomu abo ezikole.' Lokhu kukhuthaza ubuntu nokunakekelana emphakathini. Umphakathi nawo kufanele ukubone okuhle okwenziwa abafundi, ungagxili kokubi kuphela. Masibeke phambili ukuphepha, inhlonipho kanye nokuphila kahle komphakathi. UMnyango wezeMfundo unxusa abazali ukuthi basebenzisane nezikole ukuze kuvinjwe imicimbi enjengeye*Pens Down* engafaka abafundi engozini.

[Icashunwe ephephandabeni Isolezwe yase ihunyushwa]

5.1.1 Bhala lo musho olandelayo ube senkathini yamanje eqhubekayo.

Abaholi bakhala ngokuziphatha kabi kwabafundi bakamatikuletsheni. (1)

5.1.2 Hlobo luni lwendlela yesenzo olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Abazali ba**nga**bamba iqhaza ngokuyala izingane zabo. (2)

5.1.3 Bhala lo musho olandelayo ube ubunye/ube sebunyeni.

UMnyango wezeMfundo unxusa abazali ukuthi basebenzisane nawo. (2)

5.1.4 Khetha izingcezu zenkulumo ezifanele ezakhe leli gama elilandelayo:

'Othishanhloko'

A Ibizo+ibizo.
B Ibizo+isenzo.
C Ibizo+isandiso.
D Ibizo+isiphawulo. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.1.5 Lenze msebenzi muni igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Abafundi **bathanda** ukubukwa. (1)

5.1.6 Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo liwuhlobo luni lwebizo?

Ukuziphatha okungafanele kubafundi ukuklebhula nokubhala **iyunifomu** yesikole. (1)

5.1.7 Bhala lo musho olandelayo ukhombe ukuphika/ukulandula.

Abafundi baphuza emphakathini. (2)

5.1.8 Bhala isabizwana esitholakala kulo musho olandelayo bese usho ukuthi siluhlobo luni.

Bonke abafundi abakhombise ukuzihlonipha. (2)

5.1.9 Guqula lo musho oyinkulumongqo ube inkulumombiko.

Okhulumela uMnyango wezeMfundo uthi, 'Sicela abafundi bakamatikuletsheni banikele ngamayunifomu abo ezikole.' (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Sicashunwe ku-googlepics, sahlelwa]

5.2.1 Bhala isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Waze wangisiza **Dokotela** Pillay. (1)

5.2.2 Tomula isifenqo esitholakala enkulumeni yokuqala engenhla bese usho ukuthi siluhlobo luni. (2)

5.2.3 Bhala isikhuliso segama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

**Amehlo** akho asemahle. (1)

5.2.4 Sebenzisa igama '**imithi**' emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ohlukile kunalo obhalwe ngokugqamile enkulumweni engenhla. (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**LWEZI 2025**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 80**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Omakayo kumele awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo amaphutha uma ekhona.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO nazo azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma eyidwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   Isib:
   1.1.5 D/Ijele. (okuwuhlamvu oluphelele).

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.1 1.1.1 OKUBILI kwalokhu:

- Ukukhuphuka kwamagagasi.✓/
- Ukushisa okweqile.✓/
- Izikhukhula.✓/
- Isichotho.✓/
- Isomiso.✓ (2)

1.1.2 Isichotho yimvula enamandla ehambisana nokwehla kwamatshe (kwamaqhwa).✓ (1)

1.1.3 B✓/Ukusizana kwabantu.✓ (1)

1.1.4 OKUBILI kwalokhu:

- Babedumisa izimoto ukuze bathole ukufudumala nokushaja amafoni.✓/
- Babethumela imiyalezo ezinkundleni zokuxhumana nasemsakazweni ukuze izwe lazi.✓/
- Babefonela izintatheli ukuze udaba lwabo lusabalale ngokushesha.✓ (2)

1.1.5 I*hypothermia* ukwehla kakhulu kwezinga lokushisa kumuntu bese ephelelwa ngamanzi emzimbeni.✓✓ (2)

1.1.6 Imigwaqo yayivaliwe ngenxa yokumbozwa yiqhwa okwenza ukuthi lungasheshi ukufika usizo.✓✓ (2)

1.1.7 Kwaba khona umuntu oyedwa owadlula emhlabeni.✓✓ (2)

1.1.8 (a) Babedinwe kakhulu.✓✓/Babecasuke kakhulu.✓✓/ Babenolaka kakhulu.✓✓/Babenengwe kakhulu.✓✓ (2)

(b) Into engajwayelekile ukwenzeka.✓✓/
Into engavamile ukwenzeka.✓✓ (2)

1.1.9 Babejabulela ukwakha imifanekiso(*statues*) ngeqhwa.✓✓ (2)

1.1.10 OKUBILI kwalokhu:

- Kumele babanike usizo lokuqala (*paramedics*).✓/
- Kumele bazame izindlela zokuthi bafudumeze abantu.✓/
- Kumele babaphuthumise ezibhedlela uma lungasebenzi usizo lokuqala (*paramedics*).✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.1.11 OKUBILI kwalokhu:

- Ukulahleka kwenzuzo kosomabhizinisi.✓/
- Ukuphazamiseka komnotho ngenxa yokuvaleleka kwemikhiqizo ethwelwe amaloli.✓/
- Ukonakala kwemikhiqizo ihleli emalolini.✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:

**Ngiyavumelana** ngoba

- Bawufundele lo msebenzi abawenzayo.✓✓/
- Basebenzisa imishini eseqophelweni eliphezulu.✓✓

**NOMA**

**Angivumelani** ngoba

- Isimo sezulu silawulwa nguMdali.✓✓/
- Imishini kuyenzeka iphazamiseke, ibike into okungeyona.✓✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.2 1.2.1 OKUBILI kwalokhu:

- Abantu abamnyama nabamhlophe (izinhlanga ezahlukene) ✓/
- Abantu abasebasha nabadala. ✓/
- Abantu besilisa nabesifazane. ✓/
- Ingane nabantu abadala✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.2.2 Kumakhaza/kuyabanda ngoba abantu bagqoke izingubo ezifudumele.✓✓ (2)

1.2.3 OKUBILI kwalokhu:

- Ukungazweli ukuma isikhathi eside.✓/
- Ukwakha ubudlelwane nokwazana.✓/
- Ukuqeda isizungu usalindile ukungena ngaphakathi.✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

**Amaphuzu esingawabheka**:

| | AMAPHUZU ACASHUNIWE | | AMAPHUZU AHUNYUSHIWE |
|---|---|---|---|
| 1. | 'Kufanele uyeke ukuzigxeka indlela oyiyona.' | 1. | Thanda indlela oyiyona uyeke ukuzibukela phansi uma uhleli wedwa. |
| 2. | 'Uma uzizwa uphansi ngenxa yokwehlelwa ukuzethemba, phuma uyoshaywa umoya wenze izinto ezizokujabulisa njengokwenza umdlalo owuthandayo.' | 2. | Kubalulekile ukuphuma uyokwenza izinto ezizokwenza ujabule. |
| 3. | 'Uma umuntu egqoke kahle uba nomfutho, ahambele phezulu, angasabi lutho ngisho abantu bembuka.' | 3. | Ukugqoka kahle kwenza ukuthi uzethembe uzigqaje ngisho uphambi kwabantu. |
| 4. | 'Kubalulekile ukudlulisa izinto ezibuhlungu nezimbi esezenzeka ukuze ubuyise ukuzethemba.' | 4. | Ukudlulisa izinto ezakuphatha kabi kubuyisa ukuzethemba. |
| 5. | 'Ukulalela nokubuka izinto ezakhayo ezinkundleni zokuxhumana kungaba inzuzo kuwena.' | 5. | Kuyasiza ukugxila ezintweni ezakhayo ezivela ezinkundleni zokuxhumana. |
| 6. | 'Ukusiza abanye abantu ngaphandle kokulindela utho kungakwenza uzizwe ubalulekile futhi uzethemba.' | 6. | Ukulekelela abanye abantu ngaphandle kokulindela inzuzo ungazizwa wanelisekile. |
| 7. | 'Ukwandisa ulwazi ngokufunda kwenza umqondo uvuleke, ufunde izinto eziningi ezizokwenza ukwazi ukubhekana nawo wonke umuntu ngokuzethemba.' | 7. | Ukuba nolwazi oluningi kwenza ukuthi uzethembe noma ungahlangana nabantu abayizinhlobo ezihlukene. |

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Ukumakwa kokufingqa**

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
    - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu ngalinye labelwa imaki elilodwa).
    - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
    - Isamba samamaki ayi-10.

- **Ukwabiwa kwamamaki okusetshenziswa kolimi lapho umfundi esebenzise awakhe amagama:**
    - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
    - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
    - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa kwamamaki okusetshenziswa kolimi lapho umfundi ecaphune njengoba kunjalo esiqeshini:**
    - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
    - Amaphuzu ama-4 kuya kwayi-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.
    - Amaphuzu ama-2 kuya kwa-3: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2 olimi.

**QAPHELA:**

- **Ukubalwa kwamagama:**
    - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
    - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
    - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde aphelele emshweni wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, angabe esakunaka okulandelayo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

**Indlela yokumaka ISIQEPHU C**

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
  - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe ngisho kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
  - Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma iphutha lisesakhiweni solimi oluhlolwayo.
  - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.
- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 Ilondolo✓/indawo yokuwasha.✓ (1)

3.2 OKUBILI kwalokhu:
- Ukulanda izimpahla nokuzibuyisa mahhala uma useduze.✓/
- Ukuwasha izingubo zokulala.✓/
- Ukuwasha izimpahla zokugqoka.✓/
- Ukuwasha amakhethini.✓

(2)

3.3 C✓/Umusho okhohlisayo.✓ (1)

3.4 Umqondo wokwenzela.✓✓/Impambosi yokwenzela.✓✓ (2)

3.5 Sikwenzela kube lula!✓✓ (2)

3.6 Ukufihla ulwazi olungaphazamisa ukuheheka kwamakhasimende.✓✓ (2)
**[10]**

**UMBUZO 4**

4.1 Udayisela abantu izinyawo zenkukhu.✓/amanqondo.✓ (1)

4.2 Mfi.✓ (1)

Isibonelo: Amanzi agcwele mfi ebhakedeni.✓ (1)

4.3 D✓/Ihaba.✓ (1)

4.4 Ucela ukuthi amntshontshele kulokhu akudayisayo.✓✓/ucela ukuthi amuphe kulokhu akudayisayo.✓✓ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.5 Umuzwa wokubhuqa.✓ ngoba uSipho wenza umsebenzi ongekho ezingeni le lemfundo yakhe.✓ (2)

4.6 Izimpendulo ziyokwehluka:

- Abantu bayafunda kodwa bangawutholi umsebenzi abawufundele.✓
- USipho akaziqhenyi, uthatha noma yimuphi umsebenzi ukuze aphile/ athole imali.✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 5.1.1 OKUKODWA kwalokhu:

- Abaholi ba**ya**✓khala ngokuziphatha kabi kwabafundi bakamatikuletsheni./
- Abaholi ba**sa**✓khala ngokuziphatha kabi kwabafundi bakamatikuletsheni. (1)

5.1.2 Indlela yamandla.✓✓ (2)

5.1.3 UMnyango wezeMfundo unxusa **um**✓zali ukuthi **a**✓sebenzisane nawo. (2)

5.1.4 A✓/Ibizo +ibizo.✓ (1)

5.1.5 Liyalandisa.✓/umsebenzi wesenzo.✓ (1)

5.1.6 Ibizomfakela✓/elibolekiwe.✓ (1)

5.1.7 Abafundi **a**ba✓phuz**i**✓/**a**ba✓ phuzanga✓ emphakathini. (2)

5.1.8 Bonke.✓ (1)

Isabizwana senani.✓/isabizwana sokubala.✓ (1)

5.1.9 OKUKODWA kwalokhu:

- Okhulumela uMnyango wezeMfundo uthi bacela abafundi bakamatikuletsheni banikele ngamayunifomu abo ezikole.✓✓/
- Okhulumela uMnyango wezeMfundo ucela abafundi bakamatikuletsheni ukuthi banikele ngamayunifomu abo ezikole.✓✓ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | | | |
|---|---|---|---|
| 5.2 | 5.2.1 | Dkt.✓ | (1) |
| | 5.2.2 | Ugijimisa okwenyamazane.✓ | (1) |
| | | Isifaniso.✓ | (1) |
| | 5.2.3 | Amehlo**kazi**.✓ | (1) |
| | 5.2.4 | Imisho eyizibonelo: Umoya omkhulu wawisa imithi.✓✓<br>Inkomo kamalume imithi. ✓✓ | (2)<br>**[20]** |

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**